


**NguMongameli**
**Dieter F. Uchtdorf**
Ikhansela Lesibili
KubuMongameli Bokuqala

# Yingani Sidinga AbaProfethi?

Ngoba uBaba Wasezulwini uthanda Abantwana Bakhe, Akabashiyile ukuba baphile kulempilo yangenyama ngaphandle kwendlela eqondile kanye nokululekwa. Izifundiso zikaBaba wethu Wasezulwini azijwayelekile, ngokubikezelayo, azisebenzi njengalezo ongazithola kwiphephabekhi esitolo samabhuku. Ziyinhlakanipho sakonke okunamandla, owazi konke okungumbuso omkhulu loyo othanda abantwana Bakhe. Okuqukethwe emagameni Akhe imfihlo yeminyaka—isikhiye senjabulo kulempilo kanye nasemhlabeni ozayo.

uBaba Wasezulwini ubonakalisa lokuhlanipha kubantwana Bakhe emhlabeni ngabasebenzi abangababprofethi Bakhe (bona uAmosi 3:7). Kusukela esikhathini sikaAdamu, uNkulunkulu wayekhuluma nabantwana Bakhe ngabaprofethi abakhethiweyo abanegunya lokuveza intando Yakhe futhi bayale abanye. Abaprofethi bangabothisha abakhuselwe futhi bangofakazi abakhethekile bakaJesu Krestu (bona D&C 107:23). Abaprofethi abakhulumi kuphela nabantu besikhathi sabo, kepha futhi bakhuluma kubantu kwizikhathi zonke. Amazwi abo ezwakala kwiminyaka eminingi njengetestamente lentando kaNkulunkulu kubantwana Bakhe.

Namuhla akuhlukile kuneminyaka eyadlulayo. iNkosi ayithandi abantu banamuhla ukwedlula labo bezikhathi ezadlulayo. Ezinye zemiyalezo enendumiso yokuBuyiswa kweBandla likaJesu Krestu ukuthi uNkulunkulu uyaqhubeka akhulume nabantwana Bakhe! Akafihlekanga phakathi ezulwini kepha ukhuluma namuhla njengoba Yena enza ezikhathini zasemandulo.

Okuningi okuvezwa yiNkosi kubaprofethi Bakhe kuhloswe ukuba kusivekele osizini sisodwa futhi njengomphakathi. Uma uNkulunkulu akhuluma, Uyenza kanjalo ukuba afundise, akhusele, angcwelise, futhi axwayise abantwana Bakhe. Uma umuntu kanye nomphakathi bengalaleli imiyalelo kaBaba Wasezulwini, bazifaka engozini yokuba necala, ukuhlupheka, kanye nokusebenza kanzima.

uNkulunkulu uthanda abantwana Bakhe bonke. Yingakho esicela thina ngobuqotho ngabaprofethi Bakhe. Njengoba sifuna okuhle kakhulu kulabo esibathandayo bethu, uBaba waseZulwini ufuna okuhle kakhulu ngathi. Yingakho imiyalelo Yakhe ibaluleke kakhulu futhi ngesinye isikhathi isheshile. Yingakho akasilahlile namuhla kepha uyaqhubeka ngokwembula intando Yakhe kithina ngabaprohethi Bakhe. Inhlanhla yethu kanye nehlanhla yezwe iphenduka ekuzweni kwethu kanye nokulalela izwi elimbuliwe likaNkulunkulu kubantwana Bakhe.

Imiyalelo kaNkulunkulu enganayo intengo kubantu itholakala eBhayibhelini, kwiNcwadi kaMomoni, kwiMfundiso kanye Neziivumelwano, futhi

Nomklomelo Wenani Eliphezulu Ekungezeni, iNkosi ikhuluma nathi ngabasebenzi Bakhe, njengoba futhi azophinda kwinkomfa jikelele ezayo.

Kubobonke abacabanga ukuthi into enjena ingaba khona—bangahle babuze, "Kungenzeka ukuthi uNkulunkulu ukhuluma nathi namuhla?"—ngenhliziyo yami yonke Ngiyanimemema ukuba "nize futhi nibone" (uJohane 1:46). Funda izwi likaNkulunkulu njengoba litholakala ezincwadini ezingcwele. Lalela kwinkomfa jikelele ngendlebe efisa ukuzwa izwi likaNkulunkulu elilethwe ngabaprofethi Bakhe bezinsuku zokugcina. Woza, uzwe, futhi ubone ngenhliziyo yakho! Uma wena ufuna "ngenhliziyo enobuqotho, ngesifiso sangempela, nokholo kuKrestu, [uNkulunkulu] uzakuveza iqiniso layo kuwe, ngamandla Womoya Ongcwele" (uMoroni 10:4). Ngawo lamandla, Ngiyazi ukuthi uJesu Krestu uyaphila futhi ukhombisa iBandla Lakhe ngomprofethi ophilayo, futhi nangaye uMongameli uThomas S. Monson.

Bafowethu kanye nodade, uNkulunkulu ukhuluma nathi namuhla. Futhi ufisa ukuthi bonke abantwana Bakhe bezwe futhi balalele izwi Lakhe. Njengoba senza njalo, iNkosi izakusibusisa futhi isiphakamisele phezulu, kulempilo futhi nasemihlabeni ezayo.

## INTSHA

### Ukuholwa nguMprofethi Ophilayo

**Ngu Christy Ripa**

Ngesikhathi ngineminyaka engu 16, Ngathola ithuba lokuqala lokungena ngokwami kwinkomfa jikelele. Umndeni wami wawuphila entshonalanga neOregon, eUSA, sasheyela inqola ukuya kwinkomfa futhi siyoshiya umfowethu omdala kumnyombo wokuqeqeshela abafundisi benkolo.

Ngaya kwinkomfa ngesifiso ukuyofundiswa nguMoya Ongcwele. Ngomphumela, Ngathola incazelo evela kuMoya loyo mhlawumbe bengingeke ngawuthola uma ngangingazange ngazilungiselela ngokwami.

Ngesikhathi seminye yemihlangano, wonke umuntu waphakama futhi wahlabelela iculo lokuhlanganyela, "Sihole, O Wena Jehova Ophezulu." Ngesikhathi sicula, Ngaba nomcabango ohlukile ukuba ngiqalaze Kumnyombo Wenkomfa. Ngenza njalo futhi ngamangaliswa amandla wokubumbana kwabantu abayizinkulungwane ababelapho njengoba siphakamisa amazwi ethu sidumisa uNkulunkulu.

Bese ngathola isifundo lapho ngazizwa ngifana noNifayi ngenkathi ebona umbono wesihlala sempilo, ngoba uMoya wangitshela, "Bheka" (bona 1 uNifayi 11–14). Ngabheka uMongameli uThomas S. Monson ngazizwa ukuthi ukubumbana kweBandla kwakukhona ngokuba sasiholwa ngumprofethi ophilayo. Ngobufakazi boMoya Ongcwele, Ngiyazi ukuthi uMongameli uMonson ungumprofethi weqiniso wosuku lwethu, futhi ngiyazi ukuthi uJesu Krestu uhola leliBandla ngaye.

© 2012 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe.
Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/11. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/11.
Ukuhumsha ko *First Presidency Message, March 2012*. Zulu. 10363 783

# Amadodakazi eMbusweni Wami

*Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngawo nalabo dade obavakashele. Sebenzisa lemibuzo ukusiza uqinise odade bakho nokwenza Inhlangano Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile empilweni yakho.*

**Ukholo, Umndeni, Inkululeko**

Singamadodazi kaBaba wethu waseZuwlini. Uyasazi thina, uyasithanda, futhi unepulani ngathi. Ingxenye yalelopulani liphathelene nokuza emhlabeni ukuzofunda ukukhetha okuhle kunokubi. Uma sikhetha ukugcina imiyalelo kaNkulunkulu, sihlonipha Yena futhi sivuma ubuthina njengamadodakazi kaNkulunkulu. Inhlangano Yabesimame Yenkululeko isisiza ukuba sikhumbule lobuhle balemvelaphi.

Inhlangano Yabesimame Yenkululeko kanye nomlando wayo iyasiqinisa futhi isisekele. uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wenhlangano Yabesimame Yenkululeko, wathi: "Njengamadodakazi kaNkulunkulu, nizilungiselela igama langunaphakade, omunye nomunye wenu unobuyena besifazane, imvelo, nomsebenzi. Impumelelo yemindeni, umphakathi, leBandla, futhi nepulani lensindiso eliyigugu lithembele kukholo lwenu. . . . [uBaba Wethu Wasezulwini] wayehlose Inhlangano Yabesimame Yenkululeko ukuba isize ukwakha abantu Bakhe futhi ibalungiselele izibusiso zethempeli. Wasungula [Inhlangano Yabesimame Yenkululeko] ukuba iqondise amadodakazi Akhe nomsebenzi Wakhe basebenzise usizo lwabo ekwakheni umbuso Wakhe futhi baqinise amakhaya weZayoni."[1]

uBaba Wethu Wasezulwini usinikeze umsebenzi oqondile ukusiza sakhe Umbuso Wakhe. Uphinde wasibusisa ngezipho zomoya esizidingayo ukuba sifeze lomsebenzi oqondile. NgeNhlangano Yabesimame Yenkululeko, sinamathuba wokusebenzisa izipho zethu siqinise imindeni, sisize labo abaswele, futhi sifunde ukuphila njengabalendeli baka Jesu Krestu.

uMongameli uDieter F. Uchtdorf, Ikhansela Lesibili kubuMongameli Bokuqala, wakhuluma ngokulandela: "Ngokuhamba ngesineke endleleni yokulandela, sikhombisa kithina isilinganiso sokholo lwethu futhi nesifiso sethu ukwamukela isifiso sikaNkulunkulu kunesethu."[2]

Make sikhumbule thina singamadodakazi kaNkulunkulu futhi sizame ukuphila njengabalandeli Bakhe. Njengoba senza njalo, sizakusiza ukwakha umbuso kaNkulunkulu lapha emhlabeni futhi sikwazi ukufaneleka ukubuyela ngaphambi kobuso Bakhe.

### *Kuvela Emlandweni Wethu*

Ngomhlaka April 28, 1842, uMprofethi uJoseph Smith wakhuluma kubodade eNhlanganweni Yabesimame Yenkululeko: "Manje nibekiwe esimweni leso eningayenza mayelana nalolo zwelo uNkulunkulu alifake [kinina]. . . . Uma uphila ngamalungelo akho, izingelosi azingeke zahlukana ukuba abangane bakho."[3]

Ukwazi amandla weNhlangano Yabesimame Yenkululeko ukusebenzela abanye futhi ukusiza abanye bakhule ngokholo, uZina D. H. Young, umongameli jikelele wesithathu weNhlangano Yabesimame Yenkululeko, wathembisa abodade ngo1893, "Uma nigubha ngaphakathi kwezinhliziyo zenu nizakuthola, ngosizo loMoya weNkosi, umklomelo wenani eliphezulu, ubufakazi balomsebenzi."[4]

**AMANOTHI**

1. uJulie B. Beck, "'Amadodakazi Embusweni Wami': Umlando kanye Nomsebenzi Wenhlangano Yabesimame Yenkululeko," *iLiyahona,* Nov. 2010, 112, 114.
2. uDieter F. Uchtdorf, "Indlela Yomlandeli," *iLiyahona,* uMeyi 2009, 76.
3. uJoseph Smith, ku *Mlando weBandla,* 4:605.
4. uZina D. H. Young, "Ngathola Kanjani Ubufakazi Bami Beqiniso," *Ijenali Yabesimame Abasebasha,* Apr. 1893, 319.

### *Kuvela embhalweni Ongcwele*

uZakhariya 2:10; Imfundiso kanye Nezivumelwano 25:1, 10, 16; 138:38–39, 56; "Umndeni: Isimemezelo kuMhlaba" (*iLiyahona* kanye *neEnzign,* Nov. 2010, 129)

***Ngingenzenjani?***

**1.** Ngingasiza kanjani odade bafinyelele emakhonweni abo njengamadodakazi kaNkulunkulu?

**2.** Ngingasebenzisa kanjani ukululekwa kanye nezixwayiso ezinikezwe kwabesifazane empilweni yami kwi Mfundiso kanye Nezivumelwano 25?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

© 2012 ngabakwa Intellectual Reserves, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/11. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/11.
Ukuhumusha ko *Visiting Teaching Message, March 2012.* Zulu. 10363 783